



17 Ntulikazi 2023

## iSIMANGALISO SIDALE AMATHUBA ANGAMAKHULU AMATHATHU KWI-PHROJEKTHI EBIZWA NGOKUTHI YI-CLEANING AND GREENING



iSimangaliso sidale amathuba omsebenzi angamakhulu amathathu kubantu abakhelene nePaki. Lokhu kuza ngemuva kokuthi umnyango wezamahlathi, ukudoba kanye nemvelo ugunyaze iSimangaliso Wetland Park Authority ukuthi sinikezele ngale phrojekthi ye-Cleaning and Greening komasipala abathathu baKwaZulu-Natali. Umnyango wakwa-DFFE wabona kudingakala ukuthi kwensiwe imizamo eminingi uma kufunwa ukuvikelwa imvelo ekungcolisekeni kwase kwensiwa lolu hlelo olubizwa ngokuthi yi-Municipal Cleaning and Greening.

iSimangaliso yisona esihola ukwenziwa kwale phrojekthi kumasipala wakwaMhlabuyalingana kanye neBig 5 Hlabisa (le phrojekthi yenziwa eHluhluwe naseMtubatuba), kuqashwe abantu abayikhulu kumasipala ngamunye. iSimangaliso sahlanganyela nomasipala, Amakhosi kanye nabaholi bemiphakathi ukulekelelwa ukuthi kuqokwe imindeni ehlwempu ukuba kuqale ngokuthi kuqashwe amalungu ayo kuqala. Umphathi omkhulu weSimangaliso Wetland Park uMnu. Sibusiso Bukhosini

wancoma ukubambisana kanye nokusebenzisana abakutholayo kulabo ababambe iqhaza kule phroekthi okwenza ukuthi ibe impumelelo kakhulu.

Inhloso yalolu hlelo ukulwisanu nesimo lapho imvelo icekeleka phansi kanye nokuqinisekisa ukuthi izwe lethu alibhekani nezimo eziyingozi kwimvelo kanye nokuthi abantu bahlala endaweni enemvelo evikelekile ehlomulisa isizukulwana samanje nesizayo. Lokhu kwenziwa ngaphansi kohlelo lapho abantu besifazane, intsha kanye nabantu abaphila ngokukhubazeka kuyibona bokujala abaqashwayo. Lolu hlelo lumayelana nokugcina izindawo zihlanzekile, kube kuqinisekisa ukuthi abantu bayazuza okuthile ngalolu hlelo. Abahlomula kulolu hlelo basiza ngokuthi bahlanze amadolobha, imigwaqo, iPaki, izinkundla zemidlalo njalo njalo. Lolu hlelo luhlende ukuqinisa ukuthuthukiswa kwemiphakathi.



Amalungu omnyango wakwa-DFFE, asanda kuvakashela iSimangaliso ukulandeleta ukuthi ngabe le phroekthi isiqalisiwe yini ezindaweni zomasipala. Umsebenzi weSimangaliso ukuvikela, ukugcina kanye nokwethula ubugugu boMhlaba esizukulwaneni samanje kanye nesizukulwane esilandelayo kube kuzuza imiphakathi ehlala ePaki kanye naleyo eyakhelene nePaki.

-lyaphela-

#### **Isitatinende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority**

#### **Abezindaba bengaxhumana no:**

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: [bhekimanzini@jsimangaliso.com](mailto:bhekimanzini@jsimangaliso.com)